# Okuqukethwe

**Ithemu 3** ........ **1**

Indikimba: **Sizizwa sinomona** ........ **2**

- Isonto 1 ........ 4
- Isonto 2 ........ 11

Indikimba: **Siyawenza amaphutha** ........ **18**

- Isonto 3 ........ 20
- Isonto 4 ........ 27

Indikimba: **Siyadansa** ........ **34**

- Isonto 5 ........ 36
- Isonto 6 ........ 43

Indikimba: **Sithola usizo** ........ **50**

- Isonto 7 ........ 52
- Isonto 8 ........ 59

# Indikimba: Sizizwa sinomona

**Ukunothiswa kolimi:**

Isisho

Umushwana lapho amagama anencazelo ehlukile kuleyo eqondwe/echazwa ngokusobala.

Umona usuka esweni

Lesi sisho sichaza ukuthi umona uqala ngokuthi ubone into ethile enhle ivelela omunye wabantu noma labo ophila nabo bese uqala ukuhalela okuhle okubavelelayo abantu ophila nabo.

Izindaba:

**UChuck iloli**



**Amaholide asebusika**



## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **iloli lokuthutha nokulahla:** | Iloli elenzelwe ukuthwala nokuthulula izinto ezisetshenziswayo. Iloli lokuthwala nokuthulula linengemumva elibizwa isidilizi. Lithwala izinto ezifana nesihlabathi. inhlabathi, noma amatshe bese liwadilizela ngaphandle uma kunesidingo. |
| **iloli:** | Isithuthi esikhulu esisetshenziselwa ukuthutha izimpahla ukusuka kwenye indawo kuya kwenye. |
| **isithuthi:** | Into ethutha abantu noma izinto isebenzisa umgwaqo, njengemoto, ibhasi, iloli, noma ibhayisikili. |
| **isivinini:** | Ukuhamba ngejubane eliphezulu kakhulu. |
| **ulwandlekazi:** | Amanzi amaningi andawonye agcwele usawoti. |
| **impophoma:** | Amanzi agobhoza onqenqemeni lwedwala eliphakeme noma iwa. |
| **ukuvakasha:** | Ukuhambela kwenye indawo. |

## Isilulumagama


| | |
|---|---|
| **izinto ohlangabezane nazo:** | Ohlangabezane nakho kungaba okubonile, okwenzile noma wakuzwa empilweni. Kufana nezinto ozikhumbulayo oziqoqa ngendlela. |
| **umhawu:** | Igama lomuzwa esiba nawo uma sifuna lokho omunye anakho. |
| **ukuba nomona:** | Umuzwa esiba nawo sifuna lokho omunye anakho. |
| **ikhono:** | Into oyenza kahle. |
| **indebe:** | Umklomelo owuthola uma uphumelele noma wenze kahle, ngokuvamile kuba indebe noma umfanekiso. |

**Buza umndeni wakho:**



Yini ongathanda ukuba umpetha kuyo?

Ngingayilawula kanjani imizwa yami uma kwenzeka nginesikhwele noma nginomona ngokuvelela umngani wami?





## Imisindo

Shintshanani ngokufunda yonke imisindo ofanele uyazi:

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| c | f | g | j | k |
| l | m | p | q | w |
| s | bh | ch | hh | kh |
| ph | q | sh | th | x |
| xh | dl | hl | kl | gc |
| gq | ng | ny | ts | gx |
| nc | gw | nhl | gxw | cw |
| nc | ncw | nd | gw | nt |
| nq | nk | ny | nz | ntw |
| nqw | zw | hw | vw | lw |
| nqw | nsw | tw | sw | kw |
| ngw | ndw | nyw | nxw | nzw |

**Xoxa nomlingani wakho:**

1. Imiphi imisindo obungayazi?
   Bhala uhla lwale misindo encwadini yakho.

2. Imiphi imisindo odinga ukuzejwayeza ukuyifunda?
   Bhala uhla lwale misindo encwadini yakho.

**Zijwayeze ukufunda nokubhala imisindo:**

- Zenzele awakho amakhadi okufunda ukuze uwasebenzise ekhaya.
- Cela ukuhamba neNcwadi Eyisisekelo Sokufunda ekhaya. Zijwayeze ukufunda kuleli khasi.
- Cela umndeni wakho ukubizele imisindo eyahlukene. Bhala phansi le misindo.



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Ningashintshana ngokufunda amagama okumele niwazi.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| suka | vuka | nana | bona | labo |
| siza | zuza | ima | funa | faka |
| nikela | bukela | zimele | isikela | khuzani |
| funani | bekela | qokelela | khiyela | bhalisa |
| qokelela | qhaqhani | amaqhikiza | ubudlova | amakhamandela |
| undendende | ukunkwankwaza | ukunkwininiza | inkowankowane | inkalane |
| qala | xola | thoba | thatha | xhasa |
| bhala | bhula | khuza | hlala | khokha |
| ogwadule | amagwegwe | ingwebu | ukhisimuzi | ukhilimu |
| khubaza | thobeka | thobela | khahlela | hlehlisa |
| gqumuzela | gxumagxuma | amagxolo | imigxala | bagxilile |
| izinhlanhla | nhlanhlatha | inhlinini | inhlanzeko | utwetwe |


**Xoxa nomlingani wakho:**

1. Imaphi amagama obungawazi?
   Bhala uhlu lwala magama encwadini yakho.

2. Imaphi amagama odinga ukuzejwayeza ukuwafunda?
   Bhala uhlu lwala magama encwadini yakho.

**Zijwayeze ukufunda nokubhala la magama:**

- Zijwayeze ukuphumisela amagama ongawazi.
- Cela umndeni wakho ukubizele amagama ahlukene. Bhala phansi la magama.



## Imofoloji

**Usakhumbula?**

Ingxenye yegama ibizwa 'ngesakhi'.

Isakhi ngasinye sinencazelo.

**Xoxa nomlingani wakho:**

- Funda izakhi namagama.
- Lisho ukuthini igama ngalinye?
- Sisho ukuthini isakhi ngasinye?

| **na** | **ku** |
|---|---|
| funana | kumama |
| sizana | kubaba |
| **kwa** | **ni** |
| kwaKhumalo | bizani |
| kwaZulu | khalani |



## Ukufunda ngokushelela

Sebenzisa izimpawu zokuloba ukukusiza ufunde ngokushelela.

| | |
|---|---|
| . | **Uma ubona ungqi, thatha ikhefu.**<br>*Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo*<br>Ngithanda ukuya esikoleni.<br>Ngithanda amabhuku esiwafunda ekhaya. |
| , | **Uma ubona ukhefana, thatha ikhefu elifishane ngokushesha.**<br>*Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo*<br>Emabangeni aphansi, sifunda ukufunda.<br>Uma efuna ukupheka, umama uyasixosha ekhaya. |
| ? | **Uma ubona umbuzo, shintsha iphimbo lakho likhombise ukubuza umbuzo.**<br>*Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo*<br>Ubani igama lakho?<br>Uhlala kuphi? |
| ! | **Uma ubona umbabazi, shintsha iphimbo lakho liveze umuzwa wokubabaza.**<br>*Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo*<br>Habe! Isimanga esingaka!<br>Hhayi! Angiyazi le nto. |
| “...” | **Uma ubona abacaphuni, shintsha iphimbo lakho lifane nelalo obekhuluma inkulumo oyindlulisayo.**<br>*Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo*<br>Umama uthe, “letha loko kudla.”<br>Uthisha uthe, “bhalani isivivinyo sami.” |

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

## UMpho uyacula, uNaledi uyadansa

UMpho noNaledi babengodade. UMpho wayekwazi ukuhlabelela. Iphimbo lakhe lalimtoti futhi lithambile. UNaledi wayekwazi ukudansa. Izinyawo zakhe zazishesha futhi zilula.

Ngelinye ilanga, abantu beza bazobukela uNaledi edansa. Bashaya izandla zabo. "Udansa kamnandi kakhulu!" kusho bona.

UMpho wazizwa edangele. "Wonke umuntu uthanda uNaledi," kusho uMpho. "Akekho obuka mina."

Ngalobo busuku, uMpho akazange acule. "Kungani uthule?" kwabuza uNaledi.

"Uyakwazi ukudansa. Ngifisa sengathi ngingadansa njengawe," kwasho uMpho.

"Kodwa ngithanda indlela ocula ngayo," kwasho uNaledi. "Uma uhlabelela, izinyawo zami zifuna ukudansa!"

Ngesonto elilandelayo, uthisha wabo wathi, "Isigodi sethu sizoba nekhonsathi. Ubani ozohlabelela? Ubani ozodansa?"



"Nginecebo,"kwasho uNaledi. "UMpho uzohlabelela, mina ngidanse."

Ekhonsathini, uMpho wacula iculo lakhe elimnandi. UNaledi wadansela onke amagama alo. Abantu babelokhu bezishayile izandla. "Iculo lidinga ukudanselwa," kwasho uNaledi.

"Futhi umdanso udinga iculo," kwasho uMpho.

Ukucula bekumnandi. Ukudansa bekumnandi. Bendawonye, babencomeka kakhulu.



**Ukuqondisisa**

Kopela bese uqedela imisho encwadini yakho yokubhalela:

1. **UMpho wazizwa edangele ngoba ...**
2. **UNaledi wathi uthanda indlela uMpho acula ngayo ngoba ...**
3. **Siyazi ukuthi amantombazane enza kahle ekhonsathini ngoba ...**



**Imofoloji**

Kopela uhlu lwamagama ulubhale encwadini yakho yokubhalela
Dwebela isakhi esikhona kuwo wonke amagama
Sisho ukuthini lesi sakhi?

1. abafana
2. abasebenzi
3. abazali
4. abakhongi
5. abantu



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| nz | zw | nzw |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| inzalo | olunzulu | olubanzi | uzwane | zwisisa |
| zwela | izinzwane | inzwabethi | ukuzwana | inzima |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

UZwane usula izinzwane.

Uzalo luka Zwane lubanzi. OZwane benza imicimbi yokuhlangana. ONonzuzo bezwe ngenzwabethi ukuthi sekuqaliwe. Bebefuna ukulalela uNzuza ekhuluma. Kuzinzwe kancane ngaphambi kokuba kuqalwe.



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

a-m-a-n-i-k-i-n-i-k-i i-s-i-z-w-e




*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | z | w | q | m | f |
| a | i | k | l | s | e |



## Imisindo

Ungengeza amanye amagama?



Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| inzima | → | sinzima | → | zi_ima |
| sizwile | → | nizwile | → | z_zwile |
| sazwisisa | → | bazwisisa | → | n_zwisisa |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Namuhla kunomuzwa wokujabula. Kuzalwa uZwelihle. Siyazwisisa ukuthi lolu usuku olukhulu kuye. Siyazi ukuthi kumele aphatheke kahle. Sizwana kakhulu noZwelakhe.



## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

*a a a a a a*



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| nj | jw | njw |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| injabulo | injongo | inja | jwayela | injwayelo |
| thunjwe | injambementi | iminjunju | uNonjabulo | injini |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

UNonjabulo ujwayele injabulo.

UNonjabulo unenjongo. Injongo yakhe ukuhlala ejabulile. Injabulo imenza ahlale eneme. Usekujwayele ukuhlala ejabulile. UNjabulo yena ujwayele ukujula njalo.


## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu




*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | j | w | m | i | a |
| e | u | k | l | b | v |

## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| injani | → | injini | → | e_ani |
| ninjalo | → | injalo | → | si_alo |
| injena | → | kanjena | → | ku_ena |

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Njalo ekuseni uNjabulo uwela lana. Injongo yakhe ukubona umfula. Ufuna ukuzwa ukuthi umoya wakhona unjani. Kuyinjabulo enkulu ukubona nezinyoni zasemifuleni. Injongo yakhe iyajabulisa.

## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

Aa Aa Aa



**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

## Ufudu noNyoni

Kudala, uFudu noNyoni babengabangani. Babehlala eduze nomfula omkhulu.

UNyoni wayekwazi ukundiza phezulu esibhakabhakeni. Wayendiza phezu kwamagquma nezihlahla. UFudu wayekwazi kuphela ukuhamba kancane phansi.


UFudu wabukela uNyoni endiza. Wazizwa enomona. "UNyoni ubona umhlaba wonke," kusho yena. "Mina ngibona kuphela uthuli. Akulungile!"

Umona wakhe wakhula wakhula. UFudu wayeka ukudla. Wacasha egobolondweni lakhe futhi wazizwa edabukile usuku lonke.

Ngolunye usuku, kwafika isiphepho esikhulu. Umoya wawunamandla. UNyoni akakwazanga ukundiza. Wayesaba. "Ngisize, Fudu!" kukhala uNyoni.

UFudu wayengawusabi umoya. Wayephansi futhi enamandla. Wadonsela uNyoni eduze, ngemuva kwedwala elikhulu. Baphepha.

Lapho isiphepho sesihambile, uNyoni wathi, "Ngiyabonga, mngane wami. Unamandla futhi uphephile phansi. Ngifisa sengathi ngingafana nawe!"



UFudu wamangala. UNyoni naye wayenomona ngaye!


UFudu wamamatheka. “Ngizogcina isipho sami,” kusho yena. “Futhi ngizokujabulela ngesakho.” Kusukela ngalolo suku, uFudu akazange abe nomona futhi.



## Ukuqondisisa

Kopela uqedele imisho encwadini yakho:

1. **UFudu waba nomona ngoba …**
2. **Ngesikhathi sesiphepho, uFudu wasiza uNyoni ngo …**
3. **Ekugcineni uFudu wazizwa …**



## Imofoloji

Kopela uhlu lwamagama ulubhale encwadini yakho yokubhalela
Dwebela isakhi esikhona kuwo wonke amagama
Sisho ukuthini lesi sakhi?

1. bukile
2. susile
3. funile
4. nikile
5. bekile

# Indikimba: Siyawenza amaphutha

**Ukunothiswa kolimi:**

Isaga


Umushwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuqukétha ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Akukho soka lingena sici


Lesi saga sisho ukuthi akekho umuntu ongawenzi amaphutha.

Izindaba:

**UJabu uxuba amaqanda**



**Isivivinyo sezibalo esilula sikaLindeni**




## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **okwenziwayo:** | Imisetshenzana emincane ongaphuma ekhaya uyoyenza. |
| **idazini:** | Iqoqo lezinto eziyishumi nambili, ngokwejwayelekile ezifanayo, isibonelo: amaqanda. |
| **minciminci:** | Uma into imanzi, ishelela, futhi inamathela uma uyithinta. |
| **amaqanda axutshiwe:** | Amaqanda ahlanganisiwe aphekwa ngepani (indlela ejwayelekile yokudla amaqanda). |
| **iphepha lomsebenzi:** | Ikhasi elinemibuzo noma imisebenzi okufanele yenziwe. |
| **uchwepheshe:** | Umuntu onolwazi olubanzi ngokujulile ngokuthile futhi onekhono elihle kakhulu kukhona. |
| **ukuzethemba:** | Ukuzizwa uqinisekile ukuthi ungayenza into ethile. |
| **ukuzethemba ngokweqile:** | Ukuzizwa unesiqiniseko ngawe kangangoba uyeka ukuzama noma ukuzilolonga ekwenzeni okuthile. |
| **iphutha:** | Into esiyenza kabi singahlosile. |


## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **ingozi:** | Into engeyinhle noma emangazayo eyenzeka ngephutha, kungenamuntu ohlose ukuyenza. |
| **ukuchitheka:** | Uma uketshezi noma okusampushana kuwela ngaphandle kwesitsha kuchithekele phansi. |
| **ukungcola:** | Akuhlelekile noma akuhlanzekile. |


**Buza umndeni wakho:**




Yini okufanele ngiyenze uma ngenza iphutha elibi ekhaya, njengokuphula okuthile okubalulekile?



Wake wenza iphutha elalihlekisa? Ungangitshela ngakho?







## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:






## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| kl | lw | klw |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| klaya | klebhula | klezula | kloloda | kloba |
| klwebha | uklebe | isikali | kalani | kopela |



## Ukufunda ngokushelela


Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

**Abaklolodeli baklebhula ibhuku.**

Namuhla sizobona uklebe. Uklebe uklaya emasini. Abaklolodeli bamulindile. Bathe bemubona bavala inethi. Uklebe uklebhule inethi wandiza. Bawuzwe usuklabalasa usundiza.



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu





*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| k | u | w | kl | a | b |
| l | s | m | o | v | i |



## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| saklaya | → | naklaya | → | ba_aya |
| niklayile | → | siklayile | → | ziklay_ |
| zakala | → | wakala | → | na_ala |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Unana ucela ikamu kusisi. Usisi ulikala kuqala. Leli kamu elakhe yedwa. Ufuna kube lula ukulibona. Unana uzokama alibuyise. Thina sithelela umama amasi.



## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

e e e E E E



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:















## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| ch | chw | c |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| cula | cima | casula | amachwane | chela |
| chama | chelela | chwensa | chitha | ubuchopho |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

**Amachwane achwensa isikhukukazi.**

Abafana babona uchakide. Laba bafana bachukuluza uchakide. Uchakide akabaleki. Kunalokho uchakide uchwensa abafana. Ubabiza ngamachwane. Abafana bavele bacasuka.



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu


*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*




| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| c | h | w | ch | i | m |
| a | s | e | l | k | v |



## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| yachela | → | nachelela | → | za_ela |
| cima | → | cisha | → | _ina |
| cuba | → | cula | → | c_sa |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Abafana bacela amanzi. Bafuna ukucima umlilo. Bawucima nje bacula iculo. Balokhu bechela amanzi kuwo. Bavale amakhala, abafuni ukucinana. Phela intuthu iyingozi.



## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

Ee Ea Ae

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

## USam nopende ochithekile

USam wayehlala efulethini edolobheni. Wayethanda ukupenda.

Ngolunye usuku, ikilasi lakhe lenza izithombe. USam wahlanganisa umbala oluhlaza okwesibhakabhaka nophuzi ekhasini lakhe. Kodwa ingalo yakhe yathinta inkomishi upende wakhe wachitheka!

USam wayengafuni ukungena enkingeni. Wabeka ijezi lakhe phezu kopende ochithekile ukuze awufihle. "Ingabe konke kulungile, Sam?" kubuza uthisha wakhe, uNkk Pillay. "Yebo, Nkk," kusho uSam. Kodwa wezwa ubuso bakhe bushisa.

Ngokushesha upende wangena ejezini lakhe. Manje ijezi lakhe laselimanzi futhi liluhlaza okotshani.

USam wabheka ikhasi. Kukhona okuthile okwenzekile. Umbala oluhlaza nophuzi yayihlangene. Yenza umbala oluhlaza okotshani omuhle, njengamaqabunga esihlahleni!



USam wazisola. Wakhombisa uNkk Pillay ukuxoveka kopende. "Ngenze iphutha. Ngazama ukulifihla," kusho yena.

UNkk Pillay akamemezanga. Wamamatheka. "Bheka ukuthi iphutha lakho lakhe ini," kusho yena. "Uthole umbala omusha!

Uma sihlanganisa oluhlaza okwesibhakabhaka nophuzi, sithola oluhlaza okotshani."


Ikilasi lonke leza lazobheka. Wonke umuntu wayesefuna ukwenza umbala oluhlaza okotshani. USam wamamatheka. Wafunda ukuthi ngezinye izikhathi iphutha lingasifundisa okuthile okusha.



**Ukuqondisisa**

Kopela uqedele imisho encwadini yakho:

1. **USam uzame ukufihla iphutha ngoba ...**
2. **Ngenkathi umbala oluhlaza okwesibhakabhaka uhlangana nophuzi kuphume ...**
3. **USam ufunde ukuthi ...**



**Imofoloji**

Kopela uhlu lwamagama ulubhale encwadini yakho yokubhalela
Dwebela isakhi esikhona kuwo wonke amagama
Sisho ukuthini lesi sakhi?

1. thande
2. beke
3. fune
4. sebenze
5. sebenzise



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:















## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| k | kh | khw |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| isikhwama | amakhwela | khwezela | isikhwezeli | khuza |
| khubaza | khuluma | kala | nika | nikina |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

**Isikhwama sikaKhosi asibonakali.**

Ubaba ukhwezela umlilo. Thina sikhuza unana angayi kubaba. Umama ufuna isikhwama sakhe esikubaba. Ubaba ushile ozwaneni. Umama umunika amakhubalo.



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu





*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| kh | k | h | w | s | i |
| e | u | o | m | a | n |



## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| khokha | → | khona | → | _otha |
| khuza | → | khuba | → | _ula |
| luka | → | nuka | → | su_a |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Umama uyasiluka. Asikhokhi lutho uma esiluka. Kukhona abathi kumele sikhokhe. Bayasikhuza uma singakhokhi. Sizomukhokhela uma sesikhulile.



## Ukubhala ngesandla


Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

i i i I I I



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:






## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| qh | qhw | q |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| iqhawe | iqhawekazi | qhosha | iqaqa | qala |
| qalaza | iqhwa | amaqhwa | isiqhwaga | qhuga |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo


**UQhawe uyisiqhwaga.**

Namuhla kuyabanda. Kunamaqhwa phandle. Amachwane aqhuqhubele. Amanzi nawo aqinile amakhaza. UQhawekazi uyaqholosha ngoba akawasabi amakhaza.



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

i-qh-w-a
qh-u-qh-u-b-a-l-a



*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| q | h | w | qh | a | u |
| b | l | e | i | k | j |



## Imisindo

Ungengeza amanye amagama?



Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| qoqa | → | qola | → | _oba |
| qhuma | → | qhuba | → | _uga |
| qula | → | quba | → | q_tha |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Iqola lingene ekhaya. Lifike lasiqola. Liqoqe imali yethu yonke. Libone ngathi liwinile. Alazi ukuthi lisazoliqula leli cala.



## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

Ii Ia Ie Ai Ei

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

## Wonke umuntu wenza amaphutha

Wonke umuntu wenza amaphutha. Izingane ziyawenza. Nabantu abadala nabo bayawenza.

Iphutha yilapho senza okuthile okungalungile, sibe singahlosile ukukwenza.

Uma uwisa inkomishi, lelo yiphutha. Uma upela igama ngokungalungile, lelo nalo yiphutha.

Uma senza iphutha, singazizwa sidabukile. Singazizwa sinamahloni. Singase sifune ukulifihla. Kodwa ukufihla iphutha akusizi.

Kungcono ukukhuluma ngephutha. Singathi, "Ngenze iphutha." Bese sizama ukulilungisa.

Amaphutha asisiza ukuthi sifunde. Uma uwa ebhayisikilini lakho, ufunda ukuligibela kangcono. Uma upela igama ngokungalungile, ufunda indlela efanele esikhathini esilandelayo.

Uma wenza iphutha, ungadikibali. Ungafunda kuwo wonke amaphutha.



## Ukuqondisisa

Kopela uqedele imisho encwadini yakho:

**1. Iphutha kulapho ...**

**2. Uma senza iphutha, kubalulekile uku ...**

**3. Amaphutha asisiza uku ...**

## Imofoloji

Kopela uhlu lwamagama ulubhale encwadini yakho yokubhalela
Dwebela isakhi esikhona kuwo wonke amagama
Sisho ukuthini lesi sakhi?

1. lalani
2. buyani
3. celani
4. susani
5. bekani

# Indikimba: Siyadansa

**Ukunothiswa kolimi:**

Isaga

Umushwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuqukethа ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Kusina nesinedolo

Lesi saga sisho ukuthi bonke abantu bayasina bajabulile kusina naelo ongakwazi ukusina okanye nealo othi akakwazi ukusina.

Izindaba:

**ULloyd umpetha womdanso**



**UMusa Motha: Umdansi ophikisana namandla adonsela phansi**



## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **umuntu ozakhela imidanso:** | Umuntu ozakhela futhi afundise indlela yokudansa. |
| **indlela yokwenza:** | Iqoqo leminyakazo yomdanso owenziwa ngohlelo oluthize. |
| **isikhungo soqeqesho:** | Isikole lapho abantu befunda khona amakhono avelele, njengomdanso. |
| **ukuzakhela umdanso:** | Ukwakha futhi uhlele indlela yokudansa kusukela ekuqaleni kuya ekugcineni. |
| **amandla okudonsela phansi:** | Amandla adonsela abantu nezinto emhlabeni. |
| **ukuvuvuka:** | Ukuba mkhulu ngenxa yokugula noma ukulimala. |
| **unqunyiwe:** | Uma udokotela esusa isitho somzimba, njengomlenze noma ingalo, ngenxa yokugula noma ukulimala. |

## Isilulumagama


| | |
|---|---|
| **zijwayeze:** | Ukwenza into uphindaphinda ngoba ufuna ukuzijwayeza yona. |
| **ukudansa:** | Ukunyakazisa umzimba ulandela isigqi somculo. |
| **ibhaley:** | Uhlobo olukhethekile lomdanso oluxoxa indaba ngokusebenzisa umnyakazo womzimba opholileyo futhi ozothile. |
| **ihip hop:** | Uhlobo lomdanso olusheshayo futhi olunomdlandla olukuvumela ubonakalise ubunjalo bakho. |
| **umgido wesintu:** | Umdanso osukela esikweni leqoqo labantu. |


**Buza umndeni wakho:**



Uyathanda ukudansa? Ingabe ungakhetha ukudansa noma ukubuka omunye umuntu edansa?

Ubani umdansi ongcono kakhulu omaziyo? Wenza hlobo luni lomdanso?







## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:






## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| sh | shw | s |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| amashumi | usheleni | shelela | isishwapha | ushwele |
| shweleza | shwabadela | iselesele | susela | busisa |




## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

**OSheleni bacela ushwele.**

USheleni ucela ushwele kubaba. Ulucela ngoba efuna ishumi. Ubaba ukujabulelile ukushweleza kukaSheleni. Ube esemunika amashumi alishumi. Uwathathile washona le. Uyothenga amashwamushwamu.


## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu




*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| w | sh | s | h | a | m |
| u | i | e | l | h | d |

## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| suka | → | susa | → | _utha |
| busa | → | lusa | → | _usa |
| shisa | → | shinga | → | _ika |

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Umama ususa imifino. Eminye imifino ibunile. Miningi futhi imifino emihle. Sizodla sisuthe. Kumele sisuse imifino emidala sifake emisha. Sifisa ukuthi ikhule futhi imifino.

## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

o o o O O O




## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:















## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| th | thw | t |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| thola | thutha | thatha | thwala | isithwathwa |
| thwalile | thwalela | tomula | teka | tusa |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

UThwala uthatha utamatisi.

UThulile uthenga ithawula. Ufuna ukulibeka ekhanda. Uzothwala ibhakede. Leli bhakede linotamatisi. Ulithwalela umama. Umama uzowuthatha ekhaya utamatisi.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu




*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| t | th | w | a | m | u |
| l | s | i | e | q | j |

## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| letha | → | thetha | → | se_a |
| nithwalile | → | sithwalile | → | zi_alie |
| bateka | → | sateka | → | nateka |

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Uthisha uletha amabhuku. Abafundi bakhetha amabhuku. La mabhuku amanzi. Yingoba kuyanetha lana. Kuzomele siwabeke kahle.

## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

Oo Oa Oe Oi Ao Eo Io



**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

## Uthisha odansayo

Emzaneni omncane eFree State, izingane zazidlala othulini futhi zigijime otshanini obude, obunsundu obusagolide.

Ngolunye usuku, kwafika owayengaziwa emzaneni. "Igama lami ngingu Nkk Suzette," kusho yena. "Ngize ukuzonifundisa ibhaley."

Izingane zazingayazi ibhaley. "Iyini ibhaley?" kubuza umfana ogama lakhe linguKarabo. "Ibhaley yindlela yokudansa," kusho uNkk Suzette. "Uma umile, ume ngokuqonda. Unyakaze kancane futhi ngobunono, njengotshani emoyeni."

Ekuqaleni, izingane zazinamahloni. Imilenze yazo yayigwegweza. Zaziwa phansi.

Kodwa uNkk Suzette wayenomusa. "Zamani futhi," kusho yena. "Khombani izinzwane zenu phansi. Phakamisani izingalo zenu njengamaphiko."



Nsuku zonke, izingane zazidansa ngaphansi kwesibhakabhaka esikhulu esiluhlaza. Kancane kancane, zaya ngokujwayela. Zazikwazi ukuma ngokuqonda futhi zenze ukuzungeza.

Ngolunye usuku, uNkk Suzette wacela imindeni ukuba ize izobuka. Izingane zadansa njengezinyoni. Imindeni yashaya izandla.


Izifundo zebhaley zikaNkk Suzette zenza wonke umuntu wazizwa ejabulile.



**Ukuqondisisa**

Kopela uqedele imisho encwadini yakho:

1. **UNkk Suzette weza emzaneni ukuzo …**
2. **UNkk Suzzete watshela abafundi ukuthi banyikazise …**
3. **Izifundo zebhaley zenza wonke umuntu…**



**Imofoloji**


Kopela uhlu lwamagama ulubhale encwadini yakho yokubhalela
Dwebela isakhi esikhona kuwo wonke amagama
Sisho ukuthini lesi sakhi?

1. zisusele
2. ziphathele
3. zibekele
4. zilethele
5. zithengele



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:






## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| xh | xhw | x |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| xhuma | xhawula | amaxhaphozi | isixhwanguxhwangu | imixhwele |
| xolisa | xolela | xabanisa | xhumana | unoxhaka |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

**UXhumani uxhuma ucingo.**

Ngifuna ukuxhumana noXolani. Ngifuna ukuxolisa kuye. Sixabene izolo ekuseni. Ithoyizi lami elisixabanisile. Size salilahlela exhaphozini. Asifuni ukufana nezixhwanguxhwangu.



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu





*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| x | h | w | xh | a | m |
| ph | o | z | i | d | s |



## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| xoxa | → | xola | → | _ova |
| wela | → | weza | → | _ena |
| baxhuma | → | saxhuma | → | ya_uma |



## Ukufunda ngokushelela


Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Thina sixoxa nobaba. Sixoxa ngoxolo. Lubalulekile uxolo uma ufuna ukuba nokuthula. Usixoxela ngobuhle nokuthula okuza noxolo. Nathi sizoxoxela abangani bethu.



## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:





## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:















## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| ts | tsw | t |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| totosa | isitsaka | tsaka | esitolo | utamatisi |
| tomula | totoba | isitulo | tsewula | izitsaka |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

**Isitsaka sikababa siyabonakala.**

Abazali batotosa onana. Abafuni ukubabeka bazihlalele. Yize bebathengele izitulo zabo. Ungafunga ukuthi bazotomula ngokubatotosa. Uma bethi ngizothatha unana, ngiza ngitotoba.



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu


*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*




| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| t | s | ts | w | o | m |
| u | l | a | b | e | i |



## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| isitsaka | → | izitsaka | → | isi_ako |
| isitulo | → | izitulo | → | ili_ulo |
| utotobe | → | butotobe | → | ku_otobe |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Sivuke ekuseni satotoba. Sitotobe saze sayofika eMatsulu. Sibone unana onesitsaka esihle. uvele walithi tsewu ikhabe. Uqede walibeka phezulu etafuleni.



## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

*Uu Ua Ue Ui Uo Au Eu Iu Ou*

### Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

## IJerusalema: umdanso waseNingizimu Afrika

IJerusalema yingoma evela eNingizimu Afrika. Indoda ebizwa ngokuthi uMaster KG yenza le ngoma. Owesifazane obizwa ngokuthi uNomcebo wayihlabelela. Amagama ale ngoma angesiZulu.

Le ngoma yaphuma ngonyaka ka2019. Abantu baseNingizimu Afrika bayithanda kakhulu. Ngokushesha yaba semsakazweni nsuku zonke.

Iqembu labangani base-Angola benza umdanso wale ngoma. Babeka ividiyo yabo ku-internet.

Umdanso wawumnandi futhi ulula. Ngokushesha, abantu emhlabeni wonke bafuna ukuwenza nabo lo umdanso!

Abahlengikazi badansa. Amaphoyisa adansa. Othisha nezingane badansa. Abantu emazweni amaningi kakhulu benza lo mdanso.

INingizimu Afrika yayizigqaja kakhulu. Ingoma evela ezweni lakithi yenze umhlaba wonke wadansa!

Nanamuhla, abantu basathanda iJerusalema. Lokhu kusikhombisa ukuthi umculo nomdanso kungahlanganisa abantu.






## Ukuqondisisa

Kopela uqedele imisho encwadini yakho:

**1. IJerusalema ingoma evela ...**

**2. Umdanso wenziwa abangani base...**

**3. Lokhu kusikhombisa ukuthi umdanso unga...**



## Imofoloji

Kopela uhlu lwamagama ulubhale encwadini yakho yokubhalela
Dwebela isakhi esikhona kuwo wonke amagama
Sisho ukuthini lesi sakhi?

1. uyaphila
2. uyabhala
3. uyafuna
4. uyabuka
5. uyaluka

# Indikimba: Sithola usizo

**Ukunothiswa kolimi:**

Isaga

Umushwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuquketha ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Izandla ziyagezana

Lesi saga sisho ukuthi abantu bayasizana, usiza ophila nabo, nabo bakusize.

Izindaba:

**Amahlengethwa ayahlenga**



**UMunene uthola usizo**



## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **ihlengethwa:** | Isilwane esihlakaniphile esihlala olwandle. Amahlengethwa izilwane ezincelisayo eziphefumula umoya, njengabantu. |
| **hlenga:** | Ukusiza umuntu osengozini. |
| **ibhodi lokuntweza emanzini:** | Ibhodi elide elisetshenziselwa ukugibela amagagasi olwandle. |
| **umgwedli:** | Umuntu ogibela amagagasi ngebhodi lokuntweza emanzini. |
| **usizi:** | Ukudabuka okujulile abantu abakuzwa uma belahlekelwe unomphelo umuntu noma okuthize okubalulekile. |
| **qinisekisa:** | Ukusiza umuntu azizwe epholile emoyeni ngokumtshela ukuthi angakhathazeki. |
| **cindezeleka:** | Ukuzizwa udangele kakhulu isikhathi eside futhi ukuthola kunzima ukujabulela izinto. |
| **udokotela wengqondo:** | Umuntu osiza abantu ukuqonda imicabango, imizwa, kanye nokuziphatha kwabo. |

## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **ukwelapha:** | Izindlela zokusiza abantu bazizwe bengcono emoyeni nasemzimbeni. |
| **umeluleki wezokwelapha:** | Umuntu oqeqeshiwe osebenzisana nawe uma udinga usizo ngendlela ozizwa ngayo noma ngomzimba wakho. |
| **lulama:** | Ukuba ngcono emva kokulimala noma ukuphatheka kabi emoyeni. |
| **umnyakazo:** | Izenzo ezifana nokuzelula, ukudansa, ukugijima noma ukuqhaqhazela. |

**Buza umndeni wakho:**



Uma kwenzeka ngilimala noma ngisengozini, yini okufanele ngiyenze ukuze ngithole usizo?



Ezinye zezindaba esizifundayo zikhuluma ngezingane ezikhuluma nemindeni yazo ngemizwa noma izinkinga zazo. Ucabanga ukuthi kuwumqondo omuhle lona?




## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:


















## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| | | |
|---|---|---|
| ngx | gxw | gx |

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| gxuma | gxoba | amagxolo | isigxwala | gxumagxuma |
| ukugxoba | gxila | imigxala | ingxube | ingxoxo |



## Ukufunda ngokushelela


Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Ubaba ubabaza ingxubevane ayibonayo.

Isihlahla sakithi sinamagxolo amahle. Ebusika siwisa amacembe. Uma ugxumagxuma ngaphansi kwaso ungalimala. Kungenzeka ugxobe izinto ezihlabayo. Kubalulekile ukuthi siqaphele.


## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*




| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | gx | w | g | x | b |
| e | i | u | a | s | o |

## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| bagxoba | → | nagxoba | → | sa_oba |
| xolani | → | xoxani | → | _ovani |
| nigxuma | → | sigxuma | → | zi_uma |

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Izingane zigxuma emibhedeni. Zigxumagxuma nje zilokhu zihleka. Zithe zingazelele zagxoba ucingo. Zizwakale sezikhala ubuhlungu. Udokotela uthe ziyeke ukugxumagxuma emibhedeni.

## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

b b b B B B



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza imisindo:


















## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Bhala le misindo emi-3 encwadini yakho.

| ndl | dlw | ndlw |
|---|---|---|

Hlela bese ubhala la magama ngaphansi komsindo ofanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| indlu | indlela | indlala | indlulamithi | ukudlwathuzela |
| indlwana | isandlwana | inkondlwana | imidlwane | ndlula |



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

| Usisi unesandlwana esihle. |
|---|

Uthisha uxoxela abafundi inkondlwana. Le nkondlwana imayelana nemidlwane. Imidlwane le ivame ukudlwathuzela ehlathini. Ehlathini kukhona indlwana yayo. Njalo indlula lana.


## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

*Akha bese ubhala amagama encwadini yakho.*




| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | dl | w | a | m | e |
| l | o | u | i | s | g |

## Imisindo




Funda amagama bese ubheka umsindo oshintshile.
Kopela amagama uwabhale encwadini yakho bese uqedela igama lokugcina.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| dlala | → | dlula | → | _ela |
| nidle | → | sidle | → | zi_e |
| dlalani | → | dlulani | → | _elani |

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

UDlamini undlula esiteshini sebhasi. Akezwa uma simubingelela. Usuke edlala umculo. Nangesikhathi sekhefu, udla edlala umculo. Uthi akudleki ngaphandle komculo.

## Ukubhala ngesandla

Kopishela encwadini yakho yokubhalela:

Ba Be Bi Bo Bu Ab Eb Ib Ob Ub

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

## Intuthwane nendlovu

Kudala kade, intuthwane encane yayihlala eduze nesihlahla esikhulu. Ngolunye usuku, yaphuma ukuyofuna ukudla. Ilanga lalishisa. Ngokushesha, intuthwane yalahleka. Ayikwazanga ukuthola indlela yokubuyela ekhaya.

Kwafika indlovu enkulu. Intuthwane yayincane kakhulu. Yazizwa yesaba. “Ngicela ungisize, Ndlovu,” kusho intuthwane. “Ngilahlekile. Angikwazi ukuthola ikhaya lami.”

Indlovu enomusa yabheka phansi kuyo intuthwane. “Gibela embokweni wami, Ntuthwane,” kusho yona. “Ngizokusiza.”

Intuthwane yagibela. Indlovu yayinde. Yayikwazi ukubona kude ezweni. “Nasi isihlahla sakho!” kusho indlovu. Yathwala intuthwane yayisa ekhaya. “Ngiyabonga, Ndlovu,” kusho intuthwane. “Umkhulu futhi unomusa.”

Ezinsukwini eziningi ngaphambili, indlovu yahlatshwa iva onyaweni lwayo. Kwakubuhlungu kakhulu.



Intuthwane encane yeza nabo bonke abangani bayo. Badonsa badonsa. Laphuma iva!

“Ngiyabonga, Ntuthwane,” kusho indlovu. Yayijabule ngoba yasiza intuthwane ngesikhathi ilahlekile.




**Ukuqondisisa**

Kopela uqedele imisho encwadini yakho:

**1. Intuthwane yacela indlovu ukuthi ...**

**2. Indlovu yatshela intuthwane ukuthi i...**

**3. Intuthwane nabangani bayo beza...**



**Imofoloji**

Kopela uhlu lwamagama ulubhale encwadini yakho yokubhalela
Dwebela isakhi esikhona kuwo wonke amagama
Sisho ukuthini lesi sakhi?

1. bhalisa
2. phekisa
3. fundisa
4. thengisa
5. lukisa



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade**

1. Kopela amagama uwabhale encwadini yakho yokubhalela:

   imanikiniki

2. Thola udwebele bonke onkamisa:

   <u>i</u>m<u>a</u>n<u>i</u>k<u>i</u>n<u>i</u>k<u>i</u>

3. Engeza indlela yokunqamula amalunga.

   i/ma/ni/ki/ni/ki

4. Funda amalunga:

   i-ma-ni-ki-ni-ki

5. Hlanganisa amalunga ukufunda amagama:

   imanikiniki



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Faka izimpawu zokubhala:**

1. Funda imisho:

   unolitha usifiso nosebe bahlanganisa amabhuku abo

2. Faka osonhlamvukazi:

   UNolitha uSifiso noSebe bahlanganisa amabhuku abo.

3. Faka uphawu lokuloba lwasekugcineni:

   UNolitha uSifiso noSebe bahlanganisa amabhuku abo.

4. Faka okhefana:

   UNolitha, uSifiso noSebe bahlanganisa amabhuku abo

**Phinda ngamagama:**

a. munikeni
b. fakazelani
c. sikelelani
d. mukhothamele
e. khuthalani

**Phinda futhi ngemisho:**

a. umama ubaba nogogo bapheka ukudla
b. sizobavakashela ngamaholidi
c. amakhabethe awasabukeki kahle



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Funda amagama amade:

a. amahliphihliphi

b. bahlokoloze

c. zungezani

d. ukuzizingelela

e. amakhamandela



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Faka izimpawu zokubhala:

a. abafana bayothenga ubisi ubhotela notamatisi

b. bathi bazobhala kusasa

c. amakhethenisi ancole kakhulu

d. abafundi bajabulela ukuvakashela esiqiwini

e. ikhiwane elihle liphuma izibungu



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

Usuku luka-Oluhle olukhulu. U-Oluhle wayeyingane ekuthandayo ukuvakasha. Kula maholidi u-Oluhle wayehlele ukuvakashela umalume wakhe eThekwini. Wayelulinde ngabomvu lolu suku.



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade:**

a. isibusiso
b. ebukhosini
c. ezesithuthuthu
d. kunobuqili
e. bayaqhaqhazela



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Faka izimpawu zokubhala:**

1. Funda imisho:

Uthisha uthe bekani leso sitsha!

2. Faka okhefana ngaphambi kwamagama akhulunywayo:

Uthisha uthe, bekani leso sitsha!

3. Faka abacaphuni ngaphambi nangemumva kwamagama akhulunywayo:

Uthisha uthe, “bekani leso sitsha!”

**Phinda futhi ngemisho:**

a. Uthisha ubuzile nibhalile yini?
b. Ugogo umemezile lethani ukudla bo!
c. Ubaba ulayezile anongiphathela amahewu.
d. Abafundi babuzile siyaziphatha yini izincwadi kusasa?
e. USanele uthe ngizozilusa mina kusasa.

**Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)**

Funda amagama amade:

a. ukhokhovula

b. zilungiselele

c. bazonibalekela

d. ezinamakhekhe

e. bazozibhalela

**Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu**

Faka izimpawu zokubhala:

a. amakhosi avakashela izigodi

b. uma befika ezitolo bazothenga izithelo imifino nenyama

c. unogada uzobagada abafana

d. fundelani abazali izindaba

e. bukisisa imiphumelo yakho

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

UNolwazi ave ethanda ukuthola ulwazi olusha. Uyathanda ukuthi kube khona okusha akufundile usuku nosuku. Akaphatheki kahle uma kungekho lutho olusha alufundile ngosuku.

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

## Iqhinga lika Nkk Molobe lokuzola

UNkk Molobe wayenguthisha. Ikilasi lakhe laligcwele izingane ezimatasa.

Ngolunye usuku, uDavid wathatha ipensela kaSipho. USipho wathukuthela kakhulu. Ubuso bakhe baba bomvu. Wayefuna ukumemeza.

“Yima,” kusho uNkk Molobe ngobumnene. “Woza, ake ngikubonise iqhinga.” Wahlalisa ikilasi phansi phezu kokhaphethi.

“Uma sithukuthele, umzimba wethu uzizwa ushisa,” kusho yena. “Inhliziyo yethu iyagijima. Kodwa singayenza izole futhi.”

“Kanjani?” kubuza uSipho. “Siyaphefumula,” kusho uNkk Molobe. “Nuka imbali. Cisha ikhandlela.

UNkk Molobe wabakhombisa ukuthi kanjani. Waphefumula ngaphakathi njengokungathi unuka imbali. Wabe esephefumula ngaphandle njengokungathi ucisha ikhandlela.



Izingane nazo zazama. Kancane kancane, uSipho wazizwa engcono. Ubuso bakhe abusekho bomvu manje. Inhliziyo yakhe yayizolile.

“Sengizizwa ngingcono,” kusho uSipho. “Ngiyaxolisa

ngokuthatha ipensela yakho," kusho uDavid.
"Kulungile," kusho uSipho.

Kusukela ngalolo suku, uma izingane zizizwa zithukuthele, zenza iqhinga lokuzola. Zinuke imbali. Zicishe ikhandlela.



**Ukuqondisisa**

Kopela bese uqedela imisho encwadini yakho yokubhalela:

**1. Uma sithukuthele, izinhliziyo zethu ...**

**2. Ukudonsa umoya, hogela ...**

**3. Ukudedela umoya, futha ...**



**Imofoloji**

Kopela uhlu lwamagama ulubhale encwadini yakho yokubhalela
Dwebela isakhi esikhona kuwo wonke amagama
Sisho ukuthini lesi sakhi?

1. bazosiza
2. bazobuya
3. bazocula
4. bazokhuluma
5. bazokhononda

